## Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

26/2014 Intshumayelo ngesonto elithiwa Kwasimodogeniti, ngomhla ka 27. 04. 2014

***Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.***

1. Iculo 224/96

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Krestu! Sibonga ukuvuka kwakho okusipha ithemba. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Petru 1:3-9;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 20:19-29.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 115/ 97

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe kuIsaya 40:26-31, lithi: "Phakamiselani amehlo enu phezulu, nibone. Ngubani odalile lezozinto na? Nguye okhipha ibandla lazo ngezibalo, abize zonke ngamagama; ngobuningi bamandla akhe nangobukhulu bezikhwepha zakhe ayisilali neyodwa. Usholoni wena-Jakobe, ukhulumelani wena-Israyeli ukuthi: Indlela yami isithekile kuJehova, ilungelo lami lidlulile kuNkulunkulu wami na? Awazi yini? Awuzwanga na? UJehova unguNkulunkulu ongunaphakade; udalile imikhawulo yomhlaba; akapheli amandla, akakhathali, nokuqonda kwakhe akunakuphenywa. Nguye omupha oyethileyo amandla, nakongenamandla uyandisa izikhwepha. Izinsizwa ziyaphela amandla, zikhathale, nabasha bawa nokuwa, kepha abamethemba uJehova bayathola amandla amasha, bayakhuphuka ngamaphiko njengezinkozi, bagijime bengakhathali, bahambe bengapheli amandla." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini uJesu Krestu, iThemba lethu! Kuyini okwethembayo empilweni yakho na? Ingabe wukuthi wena nezihlobo zakho nizohlala ngokuphepha; ingabe uthemba ukuba khona kwempumelelo yabasesikolweni nabasebenzayo na? NgaleliSonto lokuvuka kweNkosi uJesu, siphinda sizwa ngobumqoka balo "ithemba." Kodwa-ke ingabe impela "yithemba" noma "yisifiso" na? Sikhuluma ngani: esikufisayo singanaqiniso lokufezeka kwako? Siqondeni ngokuthi "ithemba" na?

Make silalele uNkulunkulu aphendule lombuzo namuhla; yena usinika isifundo mayelana nethemba.

Ngokomlando, uNkulunkulu wayekhuluma nabantu abase belahlekelwa yithemba. Cishe eminyakeni engama-700 phambi kokuzalwa kukaJesu, isizwe sakwaIsrayeli sasiphansi kwengcindezi yezitha: ama-Asiriya nabaseBhabhele. Lezizitha zazisongela ukuhlwitha umhlaba wamaIsrayeli. AmaIsrayeli-ke ayethuthumela, engabaza mayelana nokuphepha kwawo, nekusasa lawo njengesizwe, kanye nethemba lifuna ukuphela.

Nasezinhliziyweni zabo, babengaphansi komlilo oshisayo wesono. Phela wayebayalile uNkulunkulu ukuthi uma bemlahla, lezizitha zazizobengenela zibabhubhise. Ngani na? Ngoba bazimbandakanya nohlobo lwempilo eyayiphilwa nangabahedeni, babehlanganyela enkonzweni yonkulunkulu-mbumbulu. Babethanda ukwenza izinto abathi zimnandi kubo kunokuthi bahlale kulokho abafuna kukho uNkulunkulu. Nangalokhu bawela emanyaleni ahlobene nokuphinga. Baqala umkhuba wokuzenelisa ngamafa nempahla ababenayo kunokuba bafune umbuso wezulu wodwa. Lokhu konke kwaholela esimweni esibuhlungu abazithola bephila kuso.

Isimilo sonke salaba bantu sajika saba sibi, bedla izono, zanda izono zabo, umphakathi wabo nemiphefumulo yabo kwakusengozini kabi. Babefana nezimvu ezilahlekile, babesaba, usizo lubashiyile futhi bengenathemba. Babengabaza ukuthi uNkulunkulu unabo, bethi uma enabo ingabe wayesabathanda efuna yini ukubasiza.

Thina ingabe sehlukile yini kubo? Sehlukile yini kumakholwa angesikhathi sikaJesu nesabaPhostoli na? Emphakathini wakithi siyaxakwa yizono! Okwenzeka ezweni lakithi kuyashaqisa! Udlame, ukuziphatha-budedengu kwabaningi kuyasesabisa. Siyadabuka ngokwanda kokubhidlika kwemishado nemindeni.

Siyathuthumela lapho siqaphela impi esikuyo, lowo nalowo elwa nesono esithize esikuye ngaphakathi. Ukwazi ukuthi uNkulunkulu uzonda kangakanani ukwenziwa kwezono kuyasethusa. Sibona kulula ukwenza isono kunokusibalekela: imicabango, izenzo, namazwi akhohlakele anathi ngaso sonke isikhathi. Lobu bubi obufana nalobuya bamaIsrayeli bungasishonisa ekubhujisweni ingunaphakade! Siyadinga kakhulu ukwazi ukuthi uNkulunkulu unathi ngenxa yalokhu – ukuba asophule ebubini, sivuke ekufeni, ngothando lwakhe asibeke

ekuphileni kwakhe. Uyaxolela lezizono; singaqiniseka ngalokhu, silibeke kuyena ithemba ngenkululeko enkulu.

Yebo singahlala thembeni. Yilokhu akubekayo uNkulunkulu enhliziyweni yethu uma ethi: "*Usholoni wena-Jakobe, ukhulumelani wena- Israyeli, ukuthi: Indlela yami isithekile kuJehova, ilungelo lami lidlulile kuNkulunkulu wami, na? Awazi yini? Awuzwanga na? UJehova unguNkulunkulu ongunaphakade; udalile imikhawulo yomhlaba; akapheli amandla, akakhathali, nokuqonda kwakhe akunakuphenwa."* Is. 40:27-28.

UJehova uthela ithemba esinamathela ngalo kuye. Yena unguNkulunkulu waphakade, okusho ukuthi akusoze kwaba nasikhathi lapho engekho kithi. Akasoze akhathala ngathi noma adinwe. Ayikho inkinga esingaba kuyona angenamandla okuyiqeda. Izinsongo zikaSathane nakuzo sophephiswa nguyena. UnguMdali wezinto zonke, nguye okumfanele ukubusa nobumnene.

Uma sibuza ukuthi yingani emnene kanjalo kithi na? Thina sonile kuye kakhulu! Yini abe nothando olungaka na esingaze sakhele kulo ithemba lethu?Masikhumbule lelizwi elithi: "Imicabango yakhe ingeqondwe muntu." Umcabango wakhe uphakeme kakhulu; ukwenza kwakhe kungefaniswe nokwabantu okuhlulekayo.

Kuleya nkohlakalo yabakwaIsrayeli, akaphindiselanga ngokubabhubhisa baphele emhlabeni. Ngothando lwakhe olwedlula ukuqonda kwabantu wayebanika ithemba lokuvuswa ngokufika koMsindisi owesula ngegazi lakhe izono zabo. Wabathembisa ngokuza kukaImanuweli – owubufakazi benhlanganyelo kaNkulunkulu nabo. LoMsindisi yilona ithemba elingaphoxiyo nelingagudluki.

Kwathi esibona mina nawe siduda odakeni lwesono waletha isethembiso kithi sokusindiswa ngoJesu. UJesu sewaba yithemba eliphilayo kithi ngoba waphuma ngamandla ekufeni okwamgwinyayo. Sesiyazi ukuthi nathi siyakuphila njengoba naye avuswa waphila. Wavuselwa lokho uJesu ukuba ithemba lethu lingagwinywa wukwesaba, nobumnyama, nokufa.

Thina esasingenathemba sishonile phansi, sathola kuye ukuqiniswa. Imibuzo yethu yathola impendulo: asisodwa, unathi uyasikhathalela, nesitha uSathane sathelwa ngehlazo ngokunqoba kukaJesu amacala nezijeziso ezamehlela. Ngakho lokhu, likhona ithemba. Manje-ke, sisakugudla isono. Yebo. Usafikelwa wukukhathala endleleni yokukholwa? Yebo.

Kunjengokusho emavesini ama-30 – 31: "*Izinsizwa ziyaphela amandla, zikhathale, nabasha bawa nokuwa.*" Sisaphila la emhlabeni asisoze sahlala ngaphandle kwenhlupheko noma inkinga ethile nathi esingabakaNkulunkulu. Nokho, ithemba sinalo. UJesu sewasinika lelithemba, wabhekana nokufa nesono wanqoba. Lokhu kuqinisiwe!

Lelithemba liqinisiwe, alifani nesifiso. Lapho iBhayibheli likhuluma ngethemba, alikhulumisi okwethu. Izwi ikaNkulunkulu likhuluma nathi ngethemba, hhayi isifiso somuntu. Kulelithemba singahlala sizinze. Sesiyazazi nezithembiso zakhe ukuthi zinhle ngokufezeka kwazo. Uthi uNkulunkulu labo abathemba kuye ithemba labo uyakulivuselela njalo (31). Yithemba leli elisekelwe phezu kwakhe uqobo uJehova neZwi lakhe. Okomhlaba kuyajika, kodwa uNkulunkulu akajiki.

Mhlawumbe asazi ukuthi izinkinga ezikithi ziyakuphela noma qha. Ikhona kodwa into eqinisekileyo: UJesu wavuka kwabafileyo, ngamandla amakhulu wephula udosi lokufa. Singabeka kuye ithemba. Nakuba singazi noma ukulwa emhlabeni nasemphakathini wethu kuyophela yini, nokho, siyazi ukuthi: UJehova unguMdali wakko konke. Nguye olawulayo. Ubanikile bonke impilo ukuba bayazi. Nalokhu kuyisiqiniseko. Singathembela kukho. Abawayo uzokubavusa.

Asazi ukuthi mingakhi imizuzu esisalele sikulomhlaba. Nokho sikhona isiqiniseko, ukuthi: UJesu wangena ekufeni waya ngale. Manje useshumayela kithi ukuphila okuphakade. Njengoba yena ephila, nathi sophila, sibe naye ezulwini lakhe. Siyakundiza ngamaphiko njengezinkozi; siyakugijima singakhathali; sihambe singapheli amandla. Nalokhu kuyisiqiniseko; singathembela kukho. Amen.

Umusa weNkosi yethu uJesu Krestu, nothando lukaNkulunkul' uBaba, nobudlelwano bukaMoya oNgcwele makube nani nonke. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Qhawe lokuphila, Msindisi wethu. Siphe uMoya wakho asiqinise ethembeni lokuthi kuwena asiyikuhlwithwa. Yiba njalo yisisekelo sokukholwa kwethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 117/100

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

